

ABAKWA-SARS BAQINISA UMKHANKASO WOKUPHOQELELA UKUTHOBELA IMITHETHO YENTELA

PRETORIA, uLwesibili, 20 kuLwezi 2018 – UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika seluphinde lwaqala umkhankaso wokuqwashisa umhlaba jikelele ngokukhumbuza abakhokhintela ngesibopho sabo sokuthumela amaphepha okubuyisa intela abangakawabuyisi.

Umkhankaso wamasonto amathathu, oqala namuhla, ubhekiswe kakhulu kumabhezini, ukugqugquzela ukuthobela uma kukhulunywa nge-Corporate Income Tax (CIT), Value-Added Tax (VAT) kanye ne-Pay-As-You-Earn (PAYE). Ulwazi ngezibopho zomkhokhintela, ukuthunyelwa kwamaphepha okubuyisa intela, kanye nemiphumela yokungathumeli nakho kuzokhulunywa ngakho kulo mkhankaso. Abakwa-SARS bazophinde bakhophe izincwadi zokugcina zamasamanisi kubakhokhintela abathintekayo.

Yize iNkathi yeNtela ivale mhla zingama-31 kuMfumfu 2018, labo abadlulwe usuku olungumqamulajuqu kusafuneka bathumele amaphepha okubuyisa intela, kanti izinhlawulo zokwengamela zingase zifakwe kulabo abahlulekile ukubuyisa amaphepha entela. Abakhokhintela besikhashana banesikhathi kuze kube mhla zingama-31 kuMasingana 2019 ukuthumela amaphepha abo okubuyisa intela nge-eFiling.

Abakhokhintela abangawabuyisi amaphepha abo entela bazohlawuliswa inhlawulo yokwengamela, engaba phakathi kuka-R250 kuya ku-R16 000 ngenyanga, kuncike kungeniso eliyidonswantelo lomkhokhintela. Kuyicala lobugebengu ukungabuyisi amaphepha entela, kanti ukuqhubeka ungathobeli umthetho kungaholela ekushushisweni kobugebengu.

Abakwa-SARS basazibophezele ekuhlinzekeni ngosizo nokufundisa abakhokhintela abadinga usizo. Kugqugquzelwa abakhokhintela ukuba bashaye i-SARS Contact Centre kule nombolo 0800 00 7277, noma bavakashele elinye lamagatsha akwa-SARS baphathe inombolo yereferensi yomkhokhintela.